



Vuk'uzenzele

INEZITHUBA
ZEMISEBENZI

IMAHHALA

Niyethulelwa wuPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana kanye Nokuhlinzeka Ngolwazi (GCIS)

isiZulu/English

UMandulo 2015



**Yazi
iKhansela
lakho**

Ikhasi 10



**IHhovisi Lommeli
Wezemindeni
libeka izingane
phambili**

Ikhasi 14



**I-Afrika ingaba
ngumholi
ekusunguleni
izingintsha**

Ikhasi 15

Isikole esisha kumphakathi waseMpumalanga



Isikole sikanokusho iMakause Combined School engamukela kuze kufike kubafundi abayi-1 200 itholakla ePhola, eMpumalanga.

Noluthando Mkhize

Makause Combined School, ePhola eMpumalanga, ilethe ithemba emphakathini ngokuqinisekisa ukufinyelela emfundweni.

Isikole sikanokusho esakhiwe ngezidigidi zamarandi ezingama-74 sakhiwe ngokubambisana phakathi koMnyango Wezempumfundo Eyisisekelo kanye nenkampani nezimayini i-Glencore.

Lesi sikole sasiyinxenye yohlelo olukhulu lokufudusa abantu lapho i-Glencore yafudusa khona imindeni eyi-120 beyisusa endaweni yase-makhaya i-Tweefontein iyiswa ePhola, njengengxenywe yohlelo lwayo lokuthuthukiswa kwe-Tweefontein.

Lolu hlelo lukhombisa ukutshalwa kwemali eyizidigidi zamarandi ezi-8 okwenziwa yinkampani yakwa-Glencore, kanye nokuqashwa ngokugcwele kwabasebenzi aba-780, nokukhiqiza amathani ayizidigidi eziyisishiyagalo-mbili ngonyaka zamalahle okuthengisa. Ngesikhathi kwakhiwa, iphrojekthi idale amathuba emisebenzi ayizi-2 600 kanye namathuba amabhizinisi amaningana kosomabhizinisi bendawo ngokusebenzisa ukuthenga izimpahla ezikhizwe endaweni.

Le phrojekthi iphinda ihlanganise no-

kwakhiwa kwezindlu, eziphothulwe ngesinye isamba esengeziwe sezidigidi zamarandi ezingama-70, ezizohlalisa imindeni efudusiwe eyi-120.

UKUBUYISA ITHEMBA

Lesi sikole, esitholakala phakathi kwezindlu ezakhiwe, samukela abantwana basenkulisa, abafundi bamabanga aphansi kanye nabamabanga aphezulu. Sinamagumbi okufundela angama-32, ilabhorethri yezesayensi, isizinda sokufunda imisetshenzana yasekhaya, indawo yokufundwa umsebenzi wokhuni kanye nowensimbi, umtapolwazi, isizinda samakhompuyutha kanye nehholo elimumatha abafundi abayi-1 200.

U-Amos Shali Mahlangu usebe nguthishanhloko waseMakause iminyaka engama-32 futhi uye wasibona sishintsha ngokuhamba kweminyaka.

“Ngaphambi kokufuduswa, besitholakala e-Tweefontien nokwakungumphakathi wezokulima nowezimayini. Lokhu kwakusho ukuthi abantwana kudingeka ukuba bahambe ibanga elingaphezu kwamakhilomitha angama-40 ukuya esikoleni, besebenzisa izithuthi ezihlinzekwa nguMnyango Wezempumfundo Eyisisekelo.”

Selokhu kwakhiwe lesi sikole kanye nezindlu, izingane sezihamba ibanga

elingaphansi kwekhilomitha ukuya esikoleni manje.

“Enye yezinkinga ezinkulu esikoleni esidala kwakuwukuphutha kwabafundi esikoleni futhi nabazali babengayithameli imihlangano yesikole ngenxa yebanga okwakudingeka belihambile. Kusukela sifudusiwe, sehlele isibalo sabafundi abaphutha esikoleni futhi sinyukile isibalo sabazali abathamela imihlangano,” kusho uMahlangu.

U-Phillip Maimela, usihlalo wesigungu esibusa isikole, unezingane ezimbili ezingabafundi kulesi sikole. Uthe ujabule ngesikole esisha nanokuthi izingane zakhe zithola imfundo efanele.

UNgqongqoshe Wezempumfundo Eyisisekelo u-Angie Motshekga, othamele ukuvulwa kwalesi sikole, uthethe sizokwenza umehluko omkhulu ekushintsheni izimpilo zalaba bafundi.

“Ukutshalwa kwemali emfundweni okukhulu ngalolu hlobo kukhombisa ukuzinikela kwenkampani yakwa-Glencore ekusaseni lezwe. Singaziqeda izithiyo zokungalingani kuphela uma sibambisana njengohulumeni, osomabhizinisi, umphakathi wonkana kanye nezakhamizi ezijwayelekile.

“Ukuze abantwana bafunde ngempumelelo,

> Iqhubeka ekhasini lesi-2

Imisebenzi, izindlu kanye nezempilo emadolobheni akhelene nezimayini

Uhulumeni ubeke eceleni izigidigidi zamarandi eziyi-18 ukuthuthukisa izimo zokuphila zemiphakathi eyakhelene nezimayini ekhahlazemekile ezweni lonke.

Le phrojekthi efaka izindlu kanye namaphrojekthi ezempilo iholwa yithimba leKomiti loNgqongqoshe Abahlukene (i-IMC) elinomsebenzi wokuvuselela imiphakathi eyakhelene nezimayini.

“Sekukonke yizigidigidi zamarandi eziyi-18 ezinikelwe emsebenzini oqhubekayo emiphakathini eyakhelene nezimayini ekhahlazemekile, nokuzohlomulisa lezi zifundazwe ezilandelayo: iMpumalanga Kapa, iFreyistata, i-Gauteng, iKwaZulu-Natal, iLimpopo, iMpumalanga neNyakatho Ntshonalanga,” kusho uMongameli uJacob Zuma esikhathini esingaside esidlule.

UMongameli wamemezela ukuthi uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, usekelwa yizinhlaka zawo, uqala amaphrojekthi kahulumeni okwakha izindlu alinganiselwa kuma-66 emadolobheni akhelene nezimayini ayi-15 abekwe eqhulwini.

Kunyaka wezimali wezi-2014/15, kuchithwe izigidigidi ezingaphezu kwamarandi angama-419 kusabelomali esibekelwe ukulungisa izindawo eziyimijondolo emadolobheni akhelene nezimayini abekwe eqhulwini eLimpopo, eFreyistata, eGauteng, eMpumalanga naseNyakatho Ntshonalanga.

Kulo nyaka wezimali, kubekwe eceleni imali elinganiselwa kusigidigidi samarandi. Le mali kulindeleke ukuba yakhe izindlu ezilinganiselwa kweziyizi-19 000 emadolobheni akhelene nezimayini.

Ngaphezu kokhaso lwemali yezokuhlaliswa kwabantu ebekwe eceleni yamadolobha akhelene nezimayini akhahlazemekile, izinhlaka zoMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu zifake imali engaphezu kwesigidigidi samarandi ekhahlalisweni kwabantu okudidiyelwe emadolobheni akhelene nezimayini.

UMongameli uZuma uthethe iminyango eminingana kahulumeni ihola kokubili amaphrojekthi ezimboni amakhulu kanye namancane emadolobheni akhelene nezimayini ayi-15.

Uthe, lokhu kubalulekile ikakhulukazi ekwakheni amathuba amabhizinisi kanye nawemisebenzi.

OKUJWAYELEKILE

UMongameli uZuma uxoxisana nabafundi



UMongameli uZuma uxoxisana nabafundi baseNyuvesi Yezobuchwepheshe YaseTshwane.

Maselaelo Seshotli

UMongameli uJacob Zuma uzibonele ngawakhe izimo zokuhlala zabafundi ngesikhathi evakashele eNyuvesi Yezobuchwepheshe YaseTshwane (e-TUT), esenyakatho nePitoli, esikhathini esisanda kudlula.

Lokhu kuvakasha bekuyingxenywe yoHlelo Lokuqapha lukaMongameli olubizwa ngeSiyahlola kanye noHlelo Lwenyanga Yentsha, olugxile kwezemfundo, ekuthuthukisweni kwamakhono kanye nasekudalweni kwemisebenzi.

“Sithole izikhazazo ezivela kubafundi ngesimo samagumbi amadala okulala kanye nawokugezela endaweni yokuhlala abafundi besifazane. Siphinde sathola izikhazazo mayelana nezindawo zokuthiba ukoma eziqhuba ibhizinisi esangweni lenyuvesi, yingakho bekubalulekile kuthina ukuthi size futhi sizibonele ngawethu ukuthi kwenzekani,” kusho uMongameli uZuma.

Uxoxisane nabafundi waphinda wahambela zombili izindawo zokuhlala zabelisela nezabesifazane. Abafundi bazwakalise ukukhathazeka kwabo mayelana nezimo zokuhlala ezingezinhle kanye nokungabibikho kwezokuphepha ezifanele.

Abafundi babuye baveza inselelo yoxhaso lokukhokhela izifundo zabo, inselele ebhekene nentsha eningi yezwe.

“Siyajabula ukubona ukuthi intsha ilambele imfundo ngale ndlela ezweni lethu futhi thina njengohulumeni kudingeka siphendule kule nselelo ngendlela efanele,” kusho uMongameli uZuma.

ULindokuhle Manne (oneminyaka eyi-18 ubudala), ngumfundi owenza unyaka wokuqala ezifundweni zeZokuxhumana Kwezamabhizinisi, uthe ukukhathazeka kwakhe okukhulu wusizo lwezimali.

“Ababalingi abafundi abathola ukufinyelela kuHlelo Losizo Lwezimali Lwabafundi Lukazwelonke. Lokhu kuyasiphazamisa kakhulu,” kusho uManne.

ISONTO I-BETHESDA FOUNTAIN

UMongameli uphinde wavakashela Isonto i-Bethesda Fountain, esiphenduke isiphophelo kubafundi abangakwazi ukuthola indawo yokuhlala noma abangakwazi ukukhokhela ukuhlala ngaphakathi enyuvesi.

Isonto lihlabisa abafundi ababalelwa kuma-70. Omunye walaba bafundi ohlala khona ngu-Nkosingiphile Sibeko oneminyaka engama-20 ubudala.

“Amalungu esonto ngabantu abamnene kakhulu futhi basikhombise umusa,” kusho uSibeko.

UKUFUKULWA KWENTSHA

Indawo yokucina evakashelwe nguMongameli kube yi-Botho Socio-Psychology Centre, isikhungo sokuthuthukisa amakhono entsha esikhethwe yinyuvesi ukuthi isebenzisane naso.

“Eminyakeni eminingana edlule lesi sikhungo sisize intsha yomphakathi eningi

ukuthi ithole amakhono athile futhi saguqula nezimpilo zayo ngokuyisusa emigwaqweni sayinika ithuba lokuzenza ngcono,” kusho iMnenja Yesikhungo u-Stevens Lodi.

Isikhungo, esihlinzeka izifundo ezahlukahlukene, sixhaswe nguMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi futhi sihlizeka izinsizakalo zaso entsheni ephakathi kweminyaka eyi-18 nengama-35 ubudala.

U-Comfort Mnisi (oneminyaka engama-21 ubudala) wajoyina lesi sikhungo ngasekuqaleni kwalo nyaka futhi usephothule izifundo mayelana nokuthuthukiswa kwamakhono empilo yomphakathi kanti njengamanje wenza uqeqesho lwakhe lwamakhono ekhompuyutha.

“Ngaphambi kokuba ngize e-Botho bengingenzi lutho. Manje ngeninhloso empilweni yami futhi ngamakhono engiwafunde lapha ngizokwazi ukuqhubeka phambili empilweni yami,” kusho uMnisi.

UKUNGENELELA KUKAHULUMENI

Iminyango kahulumeni kanye nezikhungo bebesebenzela ukuphendula kuzikhazazo ezilethwe ngabafundi ngezindlela ezahlukahlukene. Lokhu kuhlakanisa:

> UMnyango Wezabasebenzi osungule uhlu lweminingwane olubhalisa intsha engasebenzi nokuhlizeka ngosizo lokungena emisebenzini ngokusebenzisa Abasebenzi Abahlinzeka Izinsizakalo Zemisebenzi endaweni.

> UPhiko Lombutho Wezamazwe Afrika AseNingizimu Afrika luqale uhlelo lokuqeqeshela umsebenzi kubafundi abayi-15.

UMongameli uZuma unxuse umphakathi ukuba usize abafundi ngokubahlizeka ngendawo yokuhlala, wathi abafundi abaningi bazimisele ngokukhokha imali yokuqasha uma bethola izindawo zokuhlala ezifanele.

Ukuvakasha kukhombise ukuba yimpumelelo ngezindlela eziningi njengoba ukungenelela okubalulekile kanye nenqubekela phambili kubonakele futhi kwamanyezelwa.

Ukwakha izindlu zekusasa eliqhakazile



UNgqongqoshe u-Faith Muthambi usiza ekwakheni enye yezindlu azithembisa kumindeni emihlanu.

Thandeka Ngobese

Ngesikhathi uNgqongqoshe Wezokuxhumana uFaith Muthambi evakashele i-Willow Fountain e-Pietmaritzburg, ngesikhathi seZimbizo zikaMongameli ngoMandulo ngonyaka odlule, wathinteka kakhulu ngesimo esasibhekene nomphakathi wakule ndawo.

Wathembisa amanye amalungu emindeni ukuthi uzokwenza okuthile ukusiza ukwenza ngcono izimpilo zawo.

Uma sibheka phambili onyakeni we-2015, uNgqongqoshe uMuthambi usigcinile isithembiso sakhe.

Ngesikhathi seMbizo kaMongameli, uNgqongqoshe Muthambi uMuthambi wajutshwa ukuthi aqhube umkhankaso wokungena umuzi nomuzi owawumayelana nokulethwa kwezinsiza kule ndawo.

Ebona isimo samazinga enhlalo yabahlali esingasihle, uNgqongqoshe wazikhethela isigceme se-14 ngehloso yokusebenzisana naso waphinda wahlonza imindeni eyisikhombisa edinga izindlu. Iningi lale mindeni lalihlala ezindlini ezazincane, kungezodaka

futhi abantu bempintshene kakhulu kuzo.

“Ngiyajabula ukuthi umasipala uzibophezele ekwakheleni imindeni emihlanu izindlu. Ngikwazile ukuthola abaxhasi ukuqedela ezinye ezimbili. Osonkontileka bathembisile ukuthi zonke izindlu, ezizoba namagumbi ayisithupha, zizozedwa emavikini amabili azayo. Umasipala uzophinda uhlinzeka ngezinsizakalo ezifana nogesi, amanzi kanye nefenisha kulezi zindlu,” kusho uNgqongqoshe.

Lolu hlelo lwezindlu ludale amathuba emisebenzi ayi-10.

Omunye wabahlomuli uMlandeli Madoondo, oneminyaka engama-53 ubudala, uthe yena ebehlala nabantu abayisishiyagalolunye endlini yodaka enamagumbi amathathu.

“Abukho ubumfihlo futhi siphila ngamatoho. Siyajabula ukuthi uhulumeni ubuyise isithunzi sethu ngokusakhela lezi zindlu. Anginawo amazwi anele ukubonga uNgqongqoshe uMuthambi,” kusho uMadoondo.

Omunye wabahlomuli uSanele Mathe, oneminyaka eyi-19 ubudala, uthe wayengasakwazi ukulinda indlu entsha ukuthi iqedwe.

“Singamalungu omndeni ayi-15 ahlala kule ndlu enamagumbi amabili futhi abukho ubumfihlo. Sengikulindele ngabomvu ukuthi kuqedwe indlu entsha. Sibonga siyancocozisa ngale ndlu ehloniphekile,” washo.

Ukuguqula izimpilo

Umpakathi akusadingeki ukuthi uhambe amabanga amade ukuze ufinyelele kuintanethi ngoba le nsizakalo isitholakala eduze kakhulu, ngenxa yosizo loMnyango Wezokuxhumana (i-DoC).

Ekhuluma kuvulwa isikhungo, uNgqongqoshe uMuthambi uthe emva kokuvakashela le ndawo, wathola ukuthi abantu abasha abaningi babengayile esikoleni futhi babegcwele ezitaladini ngesikhathi sesikole.

Isikhungo esisha samakhompuyutha sihlose ukushintsha indlela, kakhulukazi abantu abasha, ebachitha ngayo isikhathi sabo futhi sibaguqule babe amalungu omphakathi alusizo.

I-DoC, ngokusebenzisana ne-Vodacom, bavule ngokusemthethweni isikhungo samakhompuyutha esinamakhompuyutha angama-21 ane-intanethi esebenza ngesivinini esiphuzulu nokuzosiza abantu abasha emphakathini wasemakhaya ukuthi bakwazi ukuxhumana nomhlaba.

UNgqongqoshe uMuthambi uthe isikhungo samakhompuyutha sikanokusho sizofundisa abantu amakhono ekhompuyutha ayobasiza uma sebefuna imisebenzi.

“Isikhungo sizophinda sidale amathuba emisebenzi angama-20 kubantu abasha abazosebenza njengabaqeqeshi kulesi sikhungo. Ababili balentsha sebethola uqeqesho kwa-Vodacom ukuze baqeqeshwe abanye. Enkulumweni yakhe Echaza Isimo Sezwe uMongameli uJacob Zuma wathi ukubambisana phakathi kukahulumeni nomkhakha ozimele

[Isikole sikanokusho kumphakathi waseMpumalanga]
> Iqhubeka isuka ekhasini loku-1

badinga indawo efanele futhi ekhuthazayo kanti lesi sikole siyohlala yisibonelo sethemba emphakathini wonke,” kusho uNgqongqoshe uMotshekga.

Uthe unesiqiniseko sokuthi lesi sikole siyokhiqiza abantu abenza izinto ezintsha abadingekayo ekuyiseni iNingizimu Afrika ezingeni elilandelayo futhi bakhuthaze nokuthuthukiswa komnotho.

Umphathi Omkhulu (i-CEO) we-Glencore SA Coal, u-Clinton Ephroni, uthe: “Siyaziqhenya ngokudlulisela lesi sikole ezandleni zoMnyango Wezemfundo Eyisisekelo. Ukwakhiwa kwesikole i-Makause kubonisa ukuzibophezela kwethu eNingizimu Afrika kanye nasemiphakathini yezindawo esisebenzela kuzo.”

“Imfundo enhle isiza ukuhlizeka abantwana ngesisekelo esiqinile ukuze baphumelele,” wongeza.

kubalulekile ekuhlizekweni kwezinsizakalo, simi lapha namuhlanje njengofakazi beqiniso lamazwi kaMongameli,” kusho uNgqongqoshe uMuthambi.

UViwe Soga, umeluleki wakwaVodacom ngezohulumeni beSifundazwe Nabasemakhaya, uthe inkampani ifake i-Wi-Fi kulesi sikhungo futhi izohlizeka nge-2GB yedatha njalo ngenyanga ezinyangeni eziyi-12 ezizayo.

“Lokhu kuyathokozisa kakhulukazi kuthina ngoba kukhombisa ukuzibophezela kwethu ekuqinisekiseni ukuthi i-Vodacom ihlinzeka wonke umuntu ngamandla einthanethi,” kusho uSoga.

UNgqongqoshe uMuthambi uphinde wanelela ngemifaniswano yesikole kubafundi abayisikhombisa abavela emindenini entulayo. Uphinde wayala umphakathi ukuba ulonde izakhiwo onikezwe zona.

EZOKUPHEPHA NOKUVIKELEKA

Ihhovisi Lommeli Wezemindeni libeka izingane phambili

Samona Naidu

Izimpi zezomthetho eziningi ezimayelana nokuthi umntwana uzohlala kubani, izingxabano, amacala wokulamula kanye nokuthunjwa kwezingane okuhlasele iNingizimu Afrika ngokuvamile kuholela ekutheni izingane zibe yizisulu.

Kumashumi eminyaka iHhovisi Lommeli Wezemindeni (i-OFA) belisebenzela ukwakha ukufinyelela kwezobulungiswa kwezingane ezisengozini, ezingakwazi ukuzivikela zona, mahhala.

I-OFA eholwa ngu-Advocate Petunia Seabi-Mathope, itholakala ngaphakathi eMnyangweni Wezobulungiswa Nezokuhlunyeliswa Kwezimilo. Isebenza njengomeluleki wenkantolo ongachemile, ungoti wezomthetho wezomndeni kumacala ezingxabano zomthetho ezimayelana nokuthi abantwana bazohlala kubani kanye namalungelo obuzali. Iphinda ibhale izinhlelo zobuzali, iqhuba ukuhlolwa kwengqondo yengane ngokubambisana nosonhlalakahle kanye nabaxazululi bezingxabano zemindeni lapho inhlalakahle yengane isengozini khona.

"Indima yethu enkulu wukuvikela kanye nokukhuthaza izintshisekelo zezingane zaseNingizimu Afrika.

"Ukubakhona kwehhovisi lethu kukhombisa ukuvuma kukaHulumeni WaseNingizimu Afrika ukuthi ngempela izingane zibaluleke kakhulu emphakathini wethu futhi sikhombisa ukuzibophezela ekuvikelweni kwamalungelo ezingane ezisengcupheni ngokomthetho wezasekhaya kanye nezivumelwano zomhlaba iNingizimu Afrika ezibophezele kuzo," kusho u-Adv Seabi-Mathope.

I-OFA, egubha iminyaka engama-25 kulo nyaka, yayinegunya elinomkhawulo ekuqaleni futhi amahhovisi ayo ayetholakala ezindaweni ezithile kuphela.

Emva kokuphasiswa koMthetho Wezezingane we-2005 (uMthetho wama-38 wezi-2005), izinsizakalo ze-OFA zenziwa zatholakala kuzo zonke izingane ezweni, kuhlanganisa nezingane ezisezingxabanweni zesondlo kanye nodlame

lwasekhaya.

"Saqala ngamahhovisi abammeli bezemindeni ayisithupha kuphela, kanti manje sesinamahhovisi angaphezu kwama-25 kanye nabammeli bezemindeni abangama-90 ezweni lonke, futhi sixazulule amacala angekho ezithebeni zenkantolo ngokunikeza ngezinsizakalo zethu zokuzazulula," kusho u-Adv Seabi-Mathope.

Icala elingekho ezithebeni zenkantolo yicala elixoxwa futhi lixazulule ngaphandle kwenkantolo, futhi libandakanya ubufakazi obunikezwa yingane. Ngezindlela eziningi lokhu kusiza ukuphungula ukusalela ngenomva kwamacala enkantolo.

Ukuze kusizakale imindeni i-OFA yenze amahhovisi ayo aba yindawo elungele kanye imindeni nezingane kanye neyenza izingane kanye nemindeni bazizwe bephephile futhi bekhululekile, ngaleyo ndlela kwenza i-OFA ikwazi ukwenza umsebenzi wayo ngempumelelo.

Isibonelo esibonisa ukuthi iyindawo elungele izingane ngempela, i-OFA ithule Ibhokisana Elinezinto Zokudlala Zezingane. Ngaphambi kokusetshenziswa kwale Bhokisana osonhlalakahle babebuza ingane imibuzo ebalulekile mayelana nemvelaphi yayo, impilo eyiphilayo, ulwazi olubalulekile kunoma yiliphi icala lezomthetho, kodwa kwakunzima ukuthi izingane zixoxe ngokukhululeka nabantu ezingabazi ngezindaba eziyimfihlo futhi ezifaka imizwa.

Ukuqoqwa kwalezinto zokudlala phakathi kokunye eziqokethe incwadi yokudweba ngemibala, amakhrayoni, odoli abafana nabantu nababonisa ubungani, kunikeza ingane amathuluzi azakuzisiza ukuphendula imibuzo kasonhlalakahle ngaphandle kokuzizwa ngathi iyasatshiswa.

"Imiphumela yayo iyamangaza kakhulu futhi yengeza umongo ecaleni," kusho u-Adv Seabi-Mathope.

UMnyango Wezobulungiswa Nezokuhlunyeliswa Kwezimilo ukhuthaza imiphakathi ukuba ulisebenzise leli Hhovisi.

OFFICE OF THE FAMILY ADVOCATE
PROTECTING THE BEST INTERESTS OF CHILDREN

There are thousands of children in the country who are affected everyday by legal custody battles, mediation or child abduction. These circumstances make children vulnerable and affect them in many ways. The Office of the Family Advocate, located in the Department of Justice and Constitutional Development, is driven by the need to protect the rights of children whose parents are in dispute.

A FAMILY RESTORED

Two young siblings from Mabopane in Gauteng now have a chance to live a healthy and happy childhood due to the assistance from the Garankuwa district Office of the Family Advocate (OFA).

Simphiwe Lamola (7)* and his younger sister, Namhla (5) were recently reunited with their father, Ernest Lamola, who sought assistance from the OFA. The children had been in the custody of their mother, Siphokazi, after the couple split in 2013. During this time, Simphiwe and Namhla did not attend school regularly.

Fearing she would lose her children, Siphokazi was assured by the family counselor that the mediation between her and her ex-husband would ensure that the wellbeing of the children would be put first. Both parents agreed to work out a way to best support and meet the best interests of their children together.

A mediation session was held by the Office of the Family Advocate. The matter was resolved by the parents, with the assistance of the counselor, within a few hours. As a result, the children are now living with their father, and visit their mother regularly.

*The names of the family members were changed to protect their identity.

WHAT IS THE OFFICE OF THE FAMILY ADVOCATE?

A Family Advocate is an unbiased Family Law specialist who assists parental parties to reach an agreement on disputes regarding the care and contact of children through mediation.

YOU MAY CONSULT THE OFFICE OF THE FAMILY ADVOCATE IF:

- There is a dispute regarding contact or care of a child.
- A person wants to draft a parental rights and responsibilities agreement.
- They want to register their parental rights and responsibilities agreements.
- A person wants to amend or terminate parental rights and responsibilities agreements registered with the Family Advocate.

- There is a dispute on whether the unmarried father of the child born out of wedlock has satisfied the requirements which makes him eligible to acquire full parental rights and responsibilities in terms of the law.
- Courts also make orders that the Family Advocate has to conduct an inquiry as to what is in the best interest of the child.

The Family Advocate can amend or terminate parental rights and responsibilities agreements registered by the Family Advocate's office. This means that the parties do not have to go to court if they want to amend the agreement when the need arises.

In the process of consulting, if the parties reach agreement on disputed issues the matter does not proceed to trial, thereby saving legal costs and time.

Courts or Judicial Officers are required by law to consider the report and/or recommendations of the Family Advocate when making a decision as to what is in the best interest of the minor child.

Courts will not readily give a decree of divorce where there is a dispute regarding minor children without the report or recommendations of the Family Advocate.



Parental rights and responsibilities agreements or parenting plans registered with the Family Advocate have the same legal effect as an order of court.

QUICK FACTS

- ▶ The Family Advocate cannot become involved in any matter that has already been finalised by the Court.
- ▶ The recommendation of the Family Advocate is intended to assist the Court in adjudicating a matter and arriving at a particular order. The recommendation itself is not enforceable unless incorporated in a Court Order.
- ▶ The Family Advocate cannot be subpoenaed to Court as a witness to give evidence on behalf of any party even if his/her recommendation is in favour of that party.
- ▶ The Family Advocate is a neutral institution and cannot act as a legal representative.

CONTACT THE OFFICE OF THE CHIEF FAMILY ADVOCATE ON 012 357 8022

Iminingwane yezokuxhumana yamaHhovisi Abameli Bezemindeni Kuzifundazwe:

UMmeli Omkhulu Wezemindeni:

U-Adv Petunia Seabi-Mathope
Ucingo: 012-357 8022,
I-imeyili:
NationalOffice-FA@justice.gov.za,
Ikheli: 329 Pretorius
Street, Momentum Building, West
Tower, Pretoria

E-Bloemfontein, eFreyistata:

U-Adv L.M. Sangqu
Ucingo: 051-447 1115, i-imeyili:
Bloemfontein-FA@justice.gov.za,
Ikheli: 163 A Nelson
Mandela Drive, 2nd Floor Sanlam
Building, Bloemfontein

EKapa,
ENTshonalanga Kapa:

U-Adv S. Ebrahim

Ucingo: 021-426 1216, i-imeyili:
CapeTown-FA@justice.gov.za,
Ikheli: 55 Union Castle
Building, 10th Floor, c/o House
Street & St George's Mall, Cape Town

E-Durban, KwaZulu-Natal:

U-Adv M. C. O'Gorman
Ucingo: 031-310 6500,
I-imeyili: Mogorman@justice.gov.za,
Ikheli: 143 Margaret
Mncadi Ave, 15th Floor Maritime
House, Durban

E-Monti, e-Buffero City, eMpumalanga Kapa:

U-Adv K Gounden
Ucingo: 043- 722 8866/7, i-imeyili:
EastLondon-FA@justice.gov.za,
Ikheli: 29 St Peters
Road, Southernwood, East London

EGoli, eGauteng:

U-Adv N. Thokoane
Ucingo: 011-333 3724, i-imeyili:
Johannesburg-FA@justice.gov.za,
Ikheli Lendawo: 94 Pritchard
Street, 13th Floor, Schreiner
Chambers, Johannesburg

E-Kimberley, eNyakatho Kapa:

U-Adv P.M. Molokwane
Ucingo: 053-833 1019/63, i-imeyili:
Kimberly-FA@justice.gov.za,
Ikheli: 5th Floor,
New Public Building (eNkantolo Yemantshi),
c/o Knight & Stead Street,
Kimberley

E-Mahikeng, eMmabatho, eNyakatho Ntshonalanga:

U-Adv B. Makganyoha
Ucingo: 018- 388 9500, i-imeyili:

Mafikeng-FA@justice.gov.za,
Ikheli 461/805 Steve
Biko Drive, Unit 2, Mmabatho

EMbombela, eMpumalanga:

U-Adv. B. Mkhize
Ucingo: 013 - 752 2755, i-imeyili:
Nelspruit-FA@justice.gov.za,
Ikheli: No 3 Marloth
Street, Nelspruit

E-Polokwane, eLimpopo:

U-Adv M.E. Khesa
Ucingo: 015 291 1730, i-imeyili:
Polokwane-FA@justice.gov.
za, Ikheli: Wyndom
Park Building, 23 Rabie Str,
Polokwane

Uxhaso lwemali kuzinkantolo zamacala amancane zaseNingizimu Afrika

Noluthando Mkhize

Izinkantolo Zamacala Amancane ezweni jikelele kulindeleke ukuthi zisebenze kagcono ngenxa yesivumelwano phakathi kukaHulumeni WaseNingizimu Afrika kanye ne-Swiss Confederation. Lesi sivumelwano, esiqale ngo-2007, siqala ukusetshenziswa ngezigaba ezimbili. Isamba sezigidi zamarandi ama-4,5 ezisetshe-nziswe kusigaba sokuqala, esiqhubeka kwaze kwaba ngunyaka we-2011 futhi sigxile ekwenzeni ngcono ukusebenza kanye nempumelelo yeZinkantolo Zamacala Amancane.

Isigaba sesibili siqhubeka kusukela ngoNdasa 2011 kwaze kwaba mhla zi-28 Nhlolanja 2015, ngesinye isamba semali eyizigidi zamarandi eziyi-10.

Ngasekupheleni kwesigaba sesibili, i-Swiss Confederation yazibophezela ukwelula isivumelwano ngezinyanga eziyishumi, siphele ngoZibandlela 2015, kanye nomnikelo owengezi-

we wezigidi zamarandi ezi-3.

Kusukela kwaqala le phrojekthi zingama-331 Izinkantolo Zamacala Amancane esezivuliwe, kakhulukazi emiphakathini eyayincishwe amathuba ngaphambilini, emadolobheni asemakhaya kanye nasemalokishini.

Ngaphezu kwalokhu, uhlelo lwemihlahlandlela lomabhalane nokhomishana beZinkantolo Zamacala Amancane lukhiziqiwe futhi lwasatshaliswa kanti njengamanje luyabuyekwezwa futhi luyalungiswa, kanye nokuqeqeshwa konobhala abangama-270 kanye nokhomishana abangama-487.

Okhomishana abalalela amacala kulezi zinkantolo bakhethwa eqoqweni labasebenzi kanye nabafu-ndisi bezomthetho abanesipilyoni abahlinzeka ngosizo lwabomahhala.

Ngesikhathi uNgqongqoshe Wezobulungiswa Nezokuhlunyeliswa Kwezimilo u-Michael Masutha ethula iVoti lakhe Lesabelomali esikhathini esingengakanani esidlule, wathi Izinkantolo Za-

macala Amancane ziyindlela ebalulekile yokuthi abantu bafinyelele kwezobulungiswa ngokushe-sha futhi ngaphandle kwezindleko

"Isibalo seZinkantolo Zamacala Amancane sikhuphukile sisuka kuma-68 ngonyaka wezi-2009 saya kuma-340 ngonyaka wezi-2014/2015. Sesiseduze kakhulu ukufeza umkhawulo wethu wezinkantolo ezingama-384, inkantolo eyodwa kumantshi yesifunda ngasinye," washo kanje.

Izinkantolo Zamacala Amancane zisetshe-nziselwa ukuzazulula izingxabano zomphakathi ezincane kanye nezinkokhelo phakathi kwabantu ababili ngaphandle kokumelwa ngummeli ngendlela engahlelekile.

Imali engeqile kumarandi ayizi-15 000 ingafunwa Enkantolo Yamacala Amancane. Ngaphambi konyaka we-2010, Inkantolo Yamacala Amancane ibibhekana kuphela namacala amancane ezinkokhelo zamarandi ayizi-7 000 noma ngaphansi.

Igunya lalezi zinkantolo laphinda lanyuswa

lafinyelela kumarandi ayizi-15 000 kusukela ngoNdasa 2014.

Noma ubani angasebenzisa izinsizakalo zezi-Nkantolo Zamacala Amancane mahhala, konke okumele ukuthwale yizindleko zeSikhonzi Senkantolo

Umnyango uhlose ukuba nezinkantolo ezifana nalezi kuzo zonke izifunda zemantshi ezweni lonke.

Ukuthola ulwazi oluthe xaxa, ungaxhumana noNkz Funeka Thema (Ucingo: 012-357 8236) noma uNkz BS Sithole (Ucingo: 012-357 8258) Inombolo yefekisi: 086 500 5549 16th Floor, East Tower Momentum Building, Pretoria Ukuthola i-SCC eseduze nawe, vakashela http://www.justice.gov.za/scc/scc_courts.htm